

INCWADI YE PAIA

**Ilungiselelwe ngokwesigaba se14
soMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala
Kolwazi 2 ka-2000 (njengoba
uchitshiyelwe)**

OKUQUKETHWE

1.	UHLU LWEZIMFINYEZO NEZIFUSHANE	5
2.	UKUBUYEKEZWA	8
3.	YOMQINGO OHLINZEKA NGEMITHETHO WE-PAIA	9
4.	INCAZELO EMAYELANA NESAKHIWO KANYE NOKUSEBENZA WE-FOODBEV SETA ...	9
4.1.	Ukusebenza kwe-Foodbev SETA	9
4.2.	Igunya le-FoodBev SETA	10
4.3.	Izinga leSakhiwo se-FoodBev SETA	11
5.	UMOBONO KANYE NOMSEBENZI	11
6.	INSEBENZISO ETHOLAKALA KUMALUNGA OMPHAKATHI	11
6.1	Isimo semisebenzi	11
6.2	Ufinyelela kanjani kulama seyivisi.....	12
7.	IMNININGWANE YOKUXHUMANA MAYELANA NESIKHULU SEZOLWAZI KANYENESEKELA SIKHULU SEZOLWAZI.....	12
8.	UMHLAHLANDLELA OMAYELANA NOKUTHI ISEBENZA KANJANI I-PAIA NOKUTHI KUFINYELELEKA KANJANI KUMHLAHLANDLELA	12
	Umuntu nesibopho sokuthuthukisa nokuvikela ilungelo lobumfihlo kanye nelungelo lokufinyelela olwazini lwaseNingizimu Afrika.....	13
	Ucingo: (010) 023 5200	13
9.	IMNININGWANE EQUKETHWE YINHLANGANO, I-FOODBEV SETA	13
9.1.	Izigaba ezahlukeni zamarekhodi atholakalayo	13
9.2	Izigaba ezahlukeni zamarekhodi azitholakali.....	15
10.	KUFINYELELEKA KANJANI KULOKHU OKUREKHODIWE OKUPHETHWE YI-FOODBEV SETA.....	19
10.1.	Senziwa kanjani isicelo.....	19
11.	UKWEDLULISWA KWEZICELO.....	20
12.	IZIMALI EZINQUNYIWE NEZIGUNYAZIWE	22
13	UKUTHATHA ISINQUMO MAYELANA NESICELO.....	23
14.	AMAKHAMBANI ATHOLAKALAYO	24
15.	OKUQOSHIWE OKUNGEKE KUTHOLAKALE NOMA OKUNGEKHO.....	24
16.	UKUSUSWA KWALOKHU OKUQOSHIWE.....	25
17.	UKUCUBUNGULWA KOLWAZI LWANGASESE	25
	Inhloso yokuCubungula uLwazi Lwangasese.....	25
18.	LABA ABAMUKELA IMNININGWANE YANGASESE ENGAHLINZEKWA KHONA.....	29

19. UKWEQIWA KWEMINGCELE OKUHLELIWE KUHAMBA NGENDLELA KWEMNININGWANE YANGASESE	31
21. UKULUNGISWA KOMQINGO ONEMITHETHO.....	32
22. UKUTHOLAKALA KOMQINGO ONEMITHETHO.....	32
23. AMAFOMU AGUNYAZIWE KANYE NESAKHIWO ESIPHATHELENE NEZEZIMALI	32
24. ISITHASISELO A – ISICELO SOKUFINYELELA IFOMU LOKUREKHODA	34
ISICELO SOKUFINYELELA UKUREKHODA.....	34

1. UHLU LWEZIMFINYEZO NEZIFUSHANE

Igama	Incazelo
Umholi wezokugcinwa kwezezimali	Kubhekiswe eMkhandlwini onikezwe umsebenzi wokuhlinzeka ngesu lobuholi beNhlango, i-FoodBev SETA Kanye nokwenza isiqiniseko sokuthi Inhlango ifezekisa inhlosongqangi yayo kanye nezibopho ngokoMthethosisekelo we-SETA Kanye noMthetho Wokuthuthukiswa kwaMakhono.
Ulwazi Oluyimfihlo	Ikhuluma nganoma iyiphi imniningwane egciniwe, ngale kwendlela, ekuphatheni noma ekulawuleni kwe-FoodBev SETA, ulwazi alutholakali ngaphansi kokuhlinzeka koMthetho Owenza kube nokufinyeleleka koLwazi oluqukethwe uHulumeni noluqukethwe yizinhlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo, uMthetho wesi-2 ka-2000 (i-PAIA)
Isihloko Sedatha	Kuqonde ukuthi umuntu ojwayelekile noma inhlangano njengezinhlaka noma iyunivesithi ezihlinzeka kwi-FoodBev SETA noma abasebenzi ngeMniningwane Yangasese nabavumelanayo uma kuhlinzeka ngeMniningwane Yangasese ekanje ekusetshenzisweni kwe-FoodBev SETA ngokuhambisana neNgqubomgomo yokuVikela uLwazi olunamaqiniso nezibalo eziquqwe ndawonye bese luyahlaziywa, Kanye Nesaziso esineSivumelwano etholakalayo kwiwebhusayithi yakwa-FoodBev SETA.
ISekela leSikhulu SezoLwazi (“DIO”)	Kuqondiswe kuMphathi: EzoMthetho, Ezobungozi kanye nokuThobelana noma umuntu omelele abantu ngokusemthethweni.
Umsebenzi	Kusho ukuthi noma ngabe yimuphi umuntu, ngaphandle koqashwe ngokwekontileka ezimele, osebenzela i-FBS bese ethola, noma lo ovumelekile ukuthi amukele noma ngabe inkokhelo; bese kuthi (b) noma ngabe yimuphi omunye umuntu ongakwazi ukusiza ekuphatheni noma ekuholeni ibhizinisi le-FBS. Igama lingenziwe kwi-Temporary Employment Service elibhekiswe kumsebenzi obekwe kwa-FBS iskhathi esingekho ngaphansi kwezinyanga ezintathu; (ii) umsebenzi obekwe kwa-FBS njengomuntu obambile, obambele umsebenzi olovile emsebenzini;

Igama	Incazelo
	bese kuthi umsebenzi obekwe kwa-FBS ukuba enze umsebenzi weskhashana ngokwesvumelwano ekusunguleni uMkhandlu weziNgxoxo phakathi kwabaqashi nabasebenzi, umphathi noma isaziso esifakwe kwiGazethi kaHulumeni, ifakwa uNgqongqoshe Wezokuqasha.
Umhlahlandlela	Kuqonde uMhlahlandlela we-PAIA othuthukiswe yi-Information Regulator ohlose ukusiza umuntu ofisa ukusebenzisa nomayiliphi ilungelo elikwi-PAIA Kanye nakwi-POPIA.
ISikhulu esisebenza mayelana neMniningwane Yangasese ("IO")	Ibhokiswe kwiSikhulu noma umuntu omele abantu ngokusemthethweni isikhulu esithunyiwe nesigunyaziwe ukuba sibika uma kuzoba noshintsho Kanye nokwenziwayo.
I-PAIA	Kubhekiswe kuMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqokethwe uHulumeni Kanye noluqokethwe yizinhlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo uMthetho wesi-2 ka-2000 (njengoba kuchibiyelwe).
Imniningwane Yangasese	Isho ulwazi oluhambisana nomuntu okhonjwayo, ophilayo, ojwayelekile, futhi lapho okusebenza khona, umuntu obonakalayo, okhona ngokomthetho. Isho ukuba uLwazi Lomuntu kumele lube nengcazelo njengoba kuchaziwe kuMthetho we-POPIA.
I-POPIA	Isho uMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqokethwe uHulumeni Kanye noluqokethwe yizinhlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo, uMthetho wesi-4 ka-2013 (njengoba uchibiyelwe).
ISikhulu esisebenza mayelana neMniningwane Yangasese ("IO")	Ibhokiswe kwiSikhulu noma umuntu omele abantu ngokusemthethweni isikhulu esithunyiwe nesigunyaziwe ukuba sibika uma kuzoba noshintsho Kanye nokwenziwayo.
I-PAIA	Kubhekiswe kuMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqokethwe uHulumeni Kanye noluqokethwe yizinhlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo uMthetho wesi-2 ka-2000 (njengoba kuchibiyelwe).
Imniningwane Yangasese	Isho ulwazi oluhambisana nomuntu okhonjwayo, ophilayo, ojwayelekile, futhi lapho okusebenza khona, umuntu obonakalayo, okhona ngokomthetho. Isho ukuba uLwazi Lomuntu kumele lube nengcazelo njengoba kuchaziwe kuMthetho we-POPIA.

Igama	Ingcazelo
I-POPIA	Isho uMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqokethwe uHulumeni Kanye noluqokethwe yizinhlango ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo, uMthetho wesi-4 ka-2013 (njengoba uchibiyelwe).
Amarekhodi	Kusho noma ngabe yiluphi ulwazi oluqoshiwe – a. ngale kokuthi kubekhona okwenziwayo b. ebuholini noma ngaphansi kokulawula kwalowo mphakathi; bese c. noma kwasungulwa inhlango esungulwe ngokusemthethweni exhaswe umphakathi ngokwezimali ukuba yethule ukusebenza emphakathini noma kwibhodi lomphakathi.
Umuntu noma inhlango eqokwe uhulumeni ukuthi ilawule indawo yokusebenza efana namabhange noma imboni.	Kusho iBhodi elizimele elasungulwa ngokwesigaba sana-39 soMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqokethwe uHulumeni Kanye noluqokethwe yizinhlango ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo.
Umfakisicelo	Kusho noma ngabe yimuphi umuntu noma inhlaka (okufaka noma ngabe yiluphi ulwazi lwesihloko) kucelwa kube nokufinyeleleka kokurekhodiwe ngaphansi kokulawulwa kwe-FoodBev SETA.
Umhlinzeki ohlinzeka ngamaseyivisi	Kufonde umuntu noma inhlaka ehlinzeka ngezimpahla, amaseyivisi kanye/noma, umsebenzi ku i-FBS ngokohlelo lwezobuholi kwakhokoke kukhiqiza kwezimpahla noma amasevisi—kusuka ezingxenyeni ezingavuthiwe kuye ekuletheni umkhiqizo wokugcina kubathengi (i-supply chain) be-FBS.
AbaBambe iQhaza	Kusho noma yimuphi umuntu ngaphandle komsebenzi we-FBS i-SETA ehlanganyela naye, lokhu kufaka kodwa kungacini kubafundi, abaqashi abakhokha intela nabangakhokhi intela, amaKholeji angaphansi kukahulumeni, izinhlango ezingekho ngaphansi kukahulumeni, izinhlango ezisemkhakheni, abahlinzeki bokuqeqesha, i-SDF, uMmnyango Wezemfundo Ephakeme, UMgcinimafa Kazwelonke kanye noSkhwama kazwelonke Samakhono.

2. UKUBUYEKEZWA

- 2.1. Ledokhyumenti ehlinzeka ngemithetho ihlelwe ngokuhambisana nesigaba se-14 soMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqukethwe uHulumeni Kanye noluqukethwe yizihlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo, uMthetho wesi-2 ka-2000, njengoba uchibiyelwe.
- 2.2. Xiliswa kwelungelo lokuthola ulwazi ngaphansi kwesigaba sama-32 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, wonke umuntu unikezwa ilungelo lokufinyelela kunoma yiluphi ulwazi olugcinwe umbuso; noma oluphethwe yinoma yimuphi omunye umuntu okufanele asetshenziselwe ukuvikela noma ukusetshenziswa kwanoma yiliphi ilungelo.
- 2.3. Ukuze kuqaliswe ukusebenza kwesigaba sama-32 soMthethosisekelo, uMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqukethwe uHulumeni Kanye noluqukethwe yizihlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo wagunyazwa yiPhalamende mhlaka-2 kuNhlolanja 2000 futhi waqala ukusebenza mhlaka-9 kuNdasa2001.
- 2.4. Ukukhuthazeka kokuqalisa ukusebenza kwelungelo lokufinyelela kwimniningwane ukukhuthaza nokuthuthukisa isiko lokungafihli kanye nokukwazi ukuphendula kuzo zombili izinhlaka zikahulumeni nezizimele, kanye nokukhuthaza umphakathi lapho abantu baseNingizimu Afrika bekwazi ukufinyelela olwazini ngempumelelo ukuze bakwazi basebenzise nokuphinda kuvikelwe amalungelo abo.
- 2.5. Zonke izihlangano, sibala ne-FoodBev SETA kudingeka ukuthi Zisungule umbhalo ohlinzeka ngemithetho njengomhlahlandlela wabafakisicelo. Le idokhyumenti ehlinzeka ngemithetho echaza umgudu okufanele ulandelwe lapho kucelwa khona amarekhodi kwa-FoodBev SETA. Ngokuhambisana ne-PAIA, i-FoodBev SETA ilungiselele le dokhyumenti ehlinzeka ngemithetho ukuze kubelula ukufinyelela komphakathi kwimniningwane ephethwe yi-SETA
- 2.6. Izincazelo ezihlinzekiwe zimayelana nezinhloso zalo mqingo ohlinzeka ngemithethofuthi azithathwa njengoba zikuMthetho, i-PAIA.

3. YOMQINGO OHLINZEKA NGEMITHETHO WE-PAIA

- 3.1. Inhloso yalo mqingo onhlinzeka ngemithetho:
- 3.2. Usiza Abafakisicelo ekuceleni isifinyelelo kulwazi (imiqingo, amarekhods bese/noma iMniningwane Yangasese) oluvela kwi-FoodBev SETA njengoba kubhekiwe ngaphansi koMthetho, i-PAIA;
- 3.3. Ukwazisa umphakathi/Umfakisicelo wesakhiwo Kanye nokusebenza kweNhlango, i-FoodBev SETA;
- 3.4. Ukwazisa umphakathi / Umfakisicelo mayelana nokuthi kufinyelelwa kanjani kulokhu okurekhodiwe okuphethwe yi-FoodBev SETA ngendlela yokusebenza ngokwesigaba se-14 soMthetho, i-PAIA;
- 3.5. Kuqonde ukuthi uma i-FoodBev SETA izocubungula imniningwane yangasese, inhloso yokucubungula imniningwane yangasese, incazelo yezigaba zokuqoqwa kolwazi ngenhloso yokulicubungula lolo lwazi olumayelana nezihloko kanye nolwazi noma izigaba zolwazi oluhambisana;
- 3.6. Yazi ukuthi ngabe i-FoodBev SETA inazo yini izinyathelo ezifanele kwezokuphepha zokuqinisekisa izinto eziyizimfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi olufanele lucutshungulwe.

4. INCAZELO EMAYELANA NESAKHIWO KANYE NOKUSEBENZA WE-FOODBEV SETA

4.1. Ukusebenza kwe-Foodbev SETA

i-FoodBev uMkhakha Wezemfundo obuye uGunyaze Ukuqeqesha okwasungulwa ngokwesigaba sesi-9 (1) soMthetho wezokuThuthukiswa kwaMakhono. Ukusebenza kwe-FoodBev SETA (njengoba kukhona kuMthetho wezokuThuthukiswa kwaMakhono) ohambiselana nokunye:

- i. ukuthuthukisa uhlelo lwezomkhakha wamakhono (i-SSP) ohlakeni loHlelo lokuThuthukiswa kwaMakhono Kazwelonke;
- ii. ukusebenza kwe-SSP ngokusungula uhlelo olifundisa luphinde luqeqeshe umuntu akwazi ukuthi aqasheke (ama-learnership), ukugunyaza izinhlelo zamakhono endaweni yokusebenza, ukwaba izibonelelo, kanye nokuqapha ukuqeqeshwa kwezemfundo emkhakheni;
- iii. ukukhuthaza ama-learnership ngokuhlonza izindawo zokusebenza ukuze bathole isipiliyoni somsebenzi owenziwayo, baseke ukuthuthukiswa kwezinsiza zokufunda, bathuthukise ukuqhutshwa kokufunda kanye nokusiza ekuqedweni kwezivumelwano zama-learnership;

- iv. bhalisela izivumelwano ezimayelana nama-learnership;
- v. thola ukugunyazwa okuvela kwiBhodi laseNingizimu Afrika eliGunyaza ngokweZiqu zokufunda;
- vi. ukuqoqa nokwaba izimali zokuthuthukisa amakhono emkhakheni;
- vii. xhumana neBhodi elasungulwa ngaphansi koMthetho Wokuthuthukiswa kwaMakhono ngenhloso yokweluleka mayelana nezingqubomgomo zikazwelonke zokuthuthukiswa kwamakhono kuNgqongqoshe bese kufakwa nemibono kwinqubo yokuthuthukiswa kwengqubomgomo ehambisana noMnyango Wezemfundo Ephakeme) mayelana nengqubomgomo yokuthuthukiswa kwamakhono kazwelonke, isu lokuthuthukiswa kwamakhono kazwelonke kanye nohlelo lwamakhono kwezomkhakha; bese
- viii. wenze noma iyiphi imisebenzi ephoqwe uMthetho woThuthukiswa kwaMakhono bese kuba uMthetho Wezimali zokuThuthukiswa kwamakhono noma uyenze ngendlela eyodwa kungenashintsho futhi ngendlela efanele ngezinhloso ezibaluliwe.

I-FoodBev SETA inawowonke amandla akanje njengoba abalulekile ukuthi enze imisebenzi wawo njengoba kuveziwe ngenhla futhi amanye amandla anikeziwe ngenxa yoMthetho wokuThuthukiswa kwaMakhono.

4.2. Igunya le-FoodBev SETA


Igunya le-FoodBev SETA livela kuMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, elinikeza wonke umuntu ukuthi abe nelungelo kwezemfundo. Isigaba sama-29 (b) ithi ukuthi wonke umuntu unelungelo lokuqhubeka nemfundo, okumele umbuso, ngokuthatha izinyathelo ezifanele, kumele wenze ngokuqhubekayo iyatholakala futhi kuyafinyeleleka khona. Leli gunya lomthethosisekelo liqiniswa uHlelo 3A loMthetho obhekelela, ulawule uphinde ugcine Umthetho Wokuphathwa KweZimali Zomphakathi (njengoba uchibiyelwe) kanye nalezi ziqephu zesishayamthetho ezibalulekile ezisebenza ngokuqondile ku-FoodBev SETA:

- i. UHlelo wokuThuthukiswa kwaMakhono Kazwelonke;
- ii. UMthetho wokuThuthukiswa kwaMakhono ka-1998 (uMthetho wama-97 ka-1998) (njengoba kwachibiyelwa ngo-2008);
- iii. UMthetho Wezimali zokuThuthukiswa kwamakhono ka-1999 (uMthetho wesi-9 ka-1999);
- iv. Umthetho Ochibiyelwe woHlaka mayelana neZiqu Zikazwelonke ka-2019;
- v. Umkhakha Wezemfundo nabaGunyaza Ukuqeqesha okumayelana neMthethongqubo

Yesibonelelo seNhlangotho I-SETA mayelana nezimali ezitholwe yi-SETA kanye nezindaba ezihambisanayo;

- vi. Umthetho Wokuphathwa KweZimali Zomphakathi (njengoba kuchibiyelwe); bese
- vii. Imithethongqubo yoMgcinimafa Kazwelonke elawula izinhlaka zikahulumeni.

4.3. Izinga leSakhiwo se-FoodBev SETA



5. UMOBONO KANYE NOMSEBENZI

Umbono Kanye nomsebenzi we-FoodBev SETA ziveziwe ngezansi.

Izibonakaliso

Ukuba nolwazi olwanele nolufanele kanye namakhono atholakalayo eMkhakheni Wokukhiqiza
Ukudla neziPhuzo

Umsebenzi

- i. Ukwandisa ukutholakala kanye nokufinyeleleka kolwazi namakhono emkhakheni, kubandakanya kodwa kungagcini nje, ezindaweni zasemakhaya;
- ii. Ukusungula indlela ethembekile yesikhungo esiza ukuthuthukiswa kwamakhono ngempumelelo enkulu; bese
- iii. Ukuhlala ubalulekile ngokuhlinzeka ngamazinga neziqo zokufunda ezisezingeni eliphezulu.

6. INSEBENZISO ETHOLAKALA KUMALUNGA OMPHAKATHI

6.1 Isimo semisebenzi

Imisebenzi ye-FoodBev SETA ifaka:

- i. ukusebenza kwalo uhlelo lwamakhono embonini ngokusungula ama-learnership,

- ukugunyaza izinhlelo zamakhono endaweni yokusebenza kanye nokwaba izibonelelo;
- ii. ukukhuthaza ama-learnership, ukusiza ukuthuthukiswa kwezinsiza zokufunda Kanye nokwenza kuphinde kusize ezokufunda zibengcono promoting learnerships;
- iii. bhalisela izivumelwano ezimayelana ne-learnership;
- iv. ukuqoqa nokwaba kokuthuthukisa amakhono emkhakheni; bese
- v. ukuqinisekiswa kwekhwalthi mayelana nama-learnership nokuqeqeshwa emkhakheni.
- Le msebenzi ihlinzekwa kulabo ababambe iqhaza emkhakheni wokukhiqiza ukudla neziphuzo.

6.2 Ufinyelela kanjani kulama seyivisi

Ababambe iqhaza be-FoodBev SETA bangase bathole ukufinyelela ezinsizeni ezifanele ngokuxhumana neNhlango, i-SETA ngemininingwane ehlinzekiwe kwiwebhusayithi www.foodbev.co.za noma ezinye izindlela zokuxhumana ezifana nezinkundla zokuxhumana.

7. IMNININGWANE YOKUXHUMANA MAYELANA NESIKHULU SEZOLWAZI KANYENESEKELA SIKHULU SEZOLWAZI.

Izikhundla	Ucingo	IFeksi	Emeyili
ISikhulu sezoLwazi: Isikhulu	011 253 7307	011 253 7333	informationofficer@foodbev.co.za
ISekela leSikhulu sezoLwazi: Umphathi: ezoMthetho ezobuNgozi Kanye nokuThobela	011 253 7380	011 253 7333	informationofficer@foodbev.co.za
Ikheli lalapho ohlala khona		Ikheli lalapho owamukela khona iPosi	
7 Wessels Road		PO Box 245	
Rivonia		Gallo Manor	
2128		2052	

Ukucela ukufinyelela kumarekhodi e-FoodBev SETA ngokwe-PAIA, Abafake izicelo kufanele bagcwalise ifomu lesicelo elifakwe **kwiSixhumelo A** bese belithumela kwiSikhulu Sezolwazi.

8. UMHLAHLANDLELA OMayelana NOKUTHI ISEBENZA KANJANI I-PAIA NOKUTHI KUFINYELELEKA KANJANI KUMHLAHLANDLELA

8.1. Ngokwesigaba se-10(1) se-PAIA, umuntu obhekelela ukuthuthukisa nokuvikela ilungelo

lobumfihlo kanye nelungelo lokufinyelela olwazini ubuyekeze futhi wenza ukuba kutholakale umhlahlandlela obuyekeziwe mayelana nokuthi i-PAIA uyisebenzisa kanjani ngendlela elula ezwakalayo, njengoba kungase kudingwe ngumuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo elihlongozwe ku-PAIA. I-PAIA kanye ne-POPIA.

8.2. Umhlahlandlela uyatholakala ngolimi ngalunye olusemthethweni futhi ungatholakala kwiwebhusayithi ye-regulator www.inforegulator.org.za . Noma yimiphi imibuzo emayelana noMhlahlandlela kufanele iqondiswe ku:

Umuntu nesibopho sokuthuthukisa nokuvikela ilungelo lobumfihlo kanye nelungelo lokufinyelela olwazini lwaseNingizimu Afrika

<u>Ikheli lalapho ohlala khona</u>	<u>Postal Address</u>
JD House, 27 Stiemens Street Braamfontein Johannesburg 2001	PO Box 31533 Braamfontein Johannesburg 2017
Ucingo:	(010) 023 5200

9. IMNININGWANE EQUKETHWE YINHLANGANO, I-FOODBEV SETA

Lesi sigaba seMqingo onemithetho obeka izigaba ngokwahlukana nezincazelo zalokhu okuqoshiwe aphethwe yi-FoodBev SETA. Ukufakwa kwanoma yiluphi uhlobo lwamarekhodi akufanele kuthathwe njengokusho ukuthi amarekhodi awela ngaphansi kwalowo mkhakha azotholakala ngaphansi kwe-PAIA. Ikakhulukazi, izizathu ezithile zokwenqaba njengoba zibekwe ku-PAIA zingasebenza ekufakeni isicelo salokho okuqoshiwe.

9.1. Izigaba ezahlukene zamarekhodi atholakalayo

Isigaba se-15 (1) se-PAIA sidinga ukuthi izikhungo zibale uhla lwalokho okurekhodiwe okutholakalayo. Okutholakalayo okutholakalayo ngokujwayelekile akukho bucayi. Iningi lamarekhodi okungena kulesi sigaba solwazi /kuzotholakala kwiwebhusayithi yakwa-FoodBev SETA futhi akudingi inqubo esemthethweni ukuthi kufinyeleleke kukhona.

Izigaba ezilandelayo zemiqingo ziyatholakala:

ISIGABA	UMBHALO / INDLELA YOKUREKHODA
----------------	--------------------------------------

Idokhyumenti emayelana nethenda	<ul style="list-style-type: none"> - Amathenda akhangisiwe - Amathenda aklongyeliswe - Igama lalowo ophumelelile ukuthenga - Amathenda acishiwe - Amathenda avaliwe - Amabhidi abhalisiwe atholakele - Isicelo sama-quotations - Amathenda akhona
ISIGABA	UMBHALO / INDLELA YOKUREKHODA
Isishayamthetho /Imithethongqubo	<ul style="list-style-type: none"> - UMthetho wokuThuthukiswa kwaMakhono - UMthetho Wezimali Zokuthuthukiswa Kwamakhono - Umthetho Wokuphathwa KweZimali Zomphakathi - Imithethongqubo emayelana neMali eyibonelelo - Imithethongqubo ye-Learnership - Imithethongqubo kaMgcinimafa Kazwelonke - UMthetho Owenza kube nokufinyeleleka kolwazi oluqukethe uHulumeni Kanye noluqukethe yizinhlangano ezizimele okumele lisetshenziswe liphinde livikelwe yinoma yimaphi amalungelo
Amasa anamasu	<ul style="list-style-type: none"> - UHlelo lwaMakhono ezemiKhakha - UHlelo Lokusebenza Lonyaka - Imibiko yoNyaka - ISigungu esigxile ekuhlaziyweni konyaka okuhlonza izitayela emkhakheni wokuqeqeshwa nokuqashwa kwe-FAS ukuze kuhlinzekwe umongo wezidingo zokuthuthukiswa kwamakhono - Izaziso ze-DHET - Umbiko we-AGM, Amaminithi Kanye nezikhulumo ezethulwayo AGM Report, Minutes and Presentation
ISIGABA	UMBHALO / INDLELA YOKUREKHODA
Ukulandelwa	<ul style="list-style-type: none"> - Isigaba se-18 Informed Consent Notice e-POPIA

kwemithetho Izinhlelo zokufunda	<ul style="list-style-type: none"> - Ingqubomgomo Yoxhaso Lwezibonelelo - ukuxhaswa ngezimali olubonakele (DG) (izibonelelo ezitholakalayo) - Izikhangiso zoXhaso lweZibonelelo - Umsebenzi we-Indicium - Umbhalo ohlinzeka ngemithetho yokusebenza kwe-DG
Ukuqiniseko okuphelele nokusezingeni elifanele	<ul style="list-style-type: none"> - Uhlu lweZiqu Ezisemthethweni Ezibhalisiwe ze-FoodBev SETA

9.2 Izigaba ezahlukene zamarekhodi azitholakali

Ngokwe-PAIA, amarekhodi asohlwini olungezansi kufanele atholakale ngokucela kumalunga omphakathi ngokulandela lokhu okubekiwe noma imigudu enqunyiwe njengoba ibekwe kulo mbhalo onemithetho, nokho-ke ukukhipha okukanje kungase kwenqatshwe uma kufakwe izizathu zokwenqaba ngokweSahluko sesi-4 se-PAIA.

Izigaba ezahlukene ezilandelayo zamarekhodi azitholakali:

ISIGABA	UMBHALO / UHLOBO LOKUREKHODWA
AMarekhods amayelana nokusebenza kosuku noma ukusebenza okubalulekile Kanye nezivumelwano	<ul style="list-style-type: none"> - Amafeyela ophenyo lwangaPhakathi - Amafayela ocwaningo mabhuku akwa-Forensic - Amacala okumangalelwa kanye nemibhalo ehambelanayo nayo - Iziqondiso, izinqumo, kanye nemithetho yamaKomidi eBhodi kanye neBhodi - Izivumelwano zanoma yibaphi ababambiqhaza bangaphandle - Izivumelwano zoMsebenzi nabahlinzeki bemisebenzi - Izivumelwano Zokuqasha eziphathelele nempahla
ISIGABA	UMBHALO / UHLOBO LOKUREKHODWA

	<ul style="list-style-type: none"> - ethathekayo nengathatheki - Imiqingo esukwe ibhalwe ngokusemthethweni lapho kusuke kunesivumelwano phakathi kwezinhlangano - Imniningwane yoMfundi, okubandakanya kodwa okungagcini ngamafomu wokuthi abafundi bekwazi ukufunda, izivumelwano zabafundi, imiqingo emayelana nempilo yomfundi - Ukuhlanganyela noma ukuxhumana nezinye izinhlaka - Abalingani nalabo enisebenzisana nabo, okufaka izinhlaka zikahulumeni - Imibiko yoCwaningo - Upheyo olumayelana nalabo enisebenzisana nabo - Imibiko emayelana nokuvakasha eSayithini - Imibiko Ukunakekela ngaphambi kokungenela mayelana nesivumelwano - Noma ngabe iyiphi Imniningwane yimfihlo ekuMthetho, i-PAIA
Izinhlobonhlobo zezimiso nezinqubo ezihlanganisa ukuthobela kwakho kanye nemibhalo yezomthetho.	
ISIGABA	UMBHALO / UHLOBO LOKUREKHODWA
Ezokukhukhangisa, kanye nezokuXhumana	<ul style="list-style-type: none"> - Isu lwezokuXhumana
Ezokuqasha	<ul style="list-style-type: none"> - Amafayela abaSebenzi (Agcinwe ngekhompyutha) - Amakontilaki amayelana nokuqashwa - Okurekhodiwe kanye nolwazi lohlelo lwesikhwama mayelana nokonga imali yomhlalaphansi olulawulwa uhulumeni. - Okurekhodiwe okumayelana neMpilo Yabasebenzi - Izinkokhelo zabaSebenzi kanye neziNzuzo (kubandakanya amaholo) - Ezokuqasha Kanye nokuQoka - Ukuqeqesha Kanye nokuThuthukisa - Ukusebenza kwabaPhathi - Ubudlelwano kwezokuSebenza Kanye nabaSebenzi - Uhlelo oluqeqeshayo ngokuthi usebenze kwinhlangano ukuze uthole isipiliyoni somsebenzi

ISIGABA	UMBHALO / UHLOBO LOKUREKHODWA
	<ul style="list-style-type: none"> - Imibiko yeNyanga Kanye neyeKota - Ukuhlola Kanye nokuhlaziya izikhundla zoMsebenzi - Ukuxhumana Kanye nezivumelwano nenyunyana - Imibiko emayelana nesinxephezelo okumele sitholwe abasebenzi kwis'khathi esinqunyiwe - Izingqubomgomo nemigudu - Uhlelo lapho iNhlango ilawulwa futhi ilawulwa ukuze kuzuzwe izinhloso zayo
EzobuNgozi Kanye nokulandelwa kwemithetho	<ul style="list-style-type: none"> - Idokhyumenti esetshenziswa njengethuluzi lokulawula kanye nokuhlonza ubungozi - ISu lokuLawula kanye nokuhlonza ubungozi bese kuba iNgqubomgomo - Imibiko Yophenyo - ithuluzi elisebenzayo elingasetshenziswa ukwethula ngokusemthethweni izinto ezibalulekile zokulawulwa kokuthobela kwenhlangano ebhodini nakubaphathi - UHlelo kanye neSu lokuGwema ukuKhwabanisa kanye noBukhoshosho - Imibiko - Umbiko weNyanga kanye noweKota
EzeziMali, Ezobuchwepheshe zoLwazi zokuXhumana kanye ne-SCM, i-ICT ne-SCM	
EzeziMali	<ul style="list-style-type: none"> - Imibiko yamaakhawunti aseBhange - Umqingo oqukethe imininingane ngezimpahla ezilawulwa yinhlangano - Okuqoshiwe okumayelana nezokubala amrekhodi we-Accounting
Ezobuchwepheshe zoLwazi lwezokuXhumana	<ul style="list-style-type: none"> - UHlaka lokuPhatha kokuqoshiwe kanye neNgqubomgomo - Izinhlelo ze-BCM - Amalaysensi - Izingqubomgomo - Uhlelo lokubhekana Nezinhlekelele - Ukulethwa kanye nokweSekwa kwemiSebenzi ye-ICT - Ukuthola nokusebenzisa izinhlelo ze-ICT---

ISIGABA	UMBHALO / UHLOBO LOKUREKHODWA
UkuPhathwa kokukhiqizwa kwezimpahla noma amasevisi ahambe ngendlela efanele (i-SCM)	<ul style="list-style-type: none"> - Imqingo yethenda ehlongoziwe - Imniningwane - Amaminithi eKomidi eliHlongoziwe - IKomidi elihlanganisa izimpahla nezinsebenziso - Imniningwane yoMhlinzeki wemiKhiqizo - Imniningwane ehlongoziwe Bidder information - Inkontilaki ephathelene nezokuPhatha - Ingqubomgomo ye-SCM - Imibiko kanye nokubuyezwa kweMnyango
Ukucwaninga kwamabhuku kwangaphakathi	
ISIGABA	UMBHALO / UHLOBO LOKUREKHODWA
	<ul style="list-style-type: none"> - Lokhu okutholakele mayelana nokuCwaningwa kwamaBhuku - UHlelo lokucwaningwa kwamaBhuku - UkuCwaningwa kwamaBhuku kwe-Forensic - Amaminithi kanye nemibiko yokucwaningwa kwamabhuku kanye neKomidi elimayelana neNgozi

10. KUFINYELELEKA KANJANI KULOKHU OKUREKHODIWE OKUPHETHWE YI-FOODBEV SETA

Umphakathi unelungelo Lokufinyelela kwimniningwane erekhodiwe ephethwe yi-FoodBev SETA, kuncike ekutheni isicelo senziwa efomini elinqunyiwe nokuthi izimali ezinqunyiwe ziyakhokhwa. Ukufinyelela nakho kuyisihloko ezingafakwa ezitholakala eSahlukweni sesi-4 se-PAIA. Isicelo singenziwa yinoma ngubani ozifunela yena noma osebenzela umuntu ongakwazi ukuzenzela bona.

Izinyathelo ezilandelayo zenzelwe ukuqinisekisa ukuthi izicelo zokufinyelela kulokhu okurekhodiwe noma ulwazi oluphethwe yi-FoodBev SETA zicutshungulwa ngokushesha nangempumelelo.

10.1. Senziwa kanjani isicelo

Ifomu

10.1.1. Uma kunokurekhodiwe okudingekayo okungatholakali kwiwebsite ye-FoodBev SETA, Umfakisicelo kufanele agcwalise ifomu elinqunyiwe. Ikhophi yefomu ifakiwe kulo Mqingo obhalwe ukuthi Isixhumelo A.

10.1.2. Isigaba ngasinye sefomu siqukethe imithetho okufanele ilandelwe ngqo ukuze kuqinisekiswa ukuthi yonke imniningwane ehambisanayo iyagcinwa ukuze kuncishiswe ukubambezeleka.

Umgudu

10.1.3. Isicelo solwazi kufanele sithunyelwe kwiSikhulu Esibhekelela uLwazi/ iSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kusetshenziswa imniningwane esesiqeshini sesi-7 ngenhla.

10.1.4. Umfakisicelo kumele akhombise ukuthi angathanda yini ukuthola ikhophi yalokhu okurekhodiwe noma angathanda ukuhlola okuqoshiwe emahhovisi akwa-FoodBev SETA. Enye indlela, uma okuqoshiwe akuyona ikhophi yedokhyumenti eyiphepha, ingabukwa ngendlela eceliwe, lapho kungenzeka¹.

10.1.5. Uma umfakisicelo ecela ukufinyelela ngendlela okuyiyona ngqo, kufanele afinyelele ngendlela ayicelile. Lo mgomo uyasebenza, ngaphandle kokwenza kanjalo kuzophazamisa ngokungafanele ukusebenza kwe-FoodBev SETA, noma kube nomonakalo kokurekhodiwe, noma kwephule ilungelo lobunikazi okungeyona eye-SETA noma umbuso. Uma kumayelana nezizathu ezibambekayo, ukufinyelela ngeke kunikezwe ngendlela le edingekayo, kodwa ngenye indlela, bese imali

10.1.6. ekhokhwayo kufanele ibalwe ngendlela ecelwe kuqala ngumfakisicelo².

10.1.7. Uma ngaphezu kwempendulo ebhaliwe emayelana nesicelo sakhe sokuthola okuthile okuqoshiwe, uMfakisicelo efuna ukwaziswa mayelana nesinqumo nganoma iyiphi enye indlela, isibonelo ngokocingo, lokhu kumele kuvezwe³.

Isicelo somunye umuntu

10.1.8. Uma isicelo senziwa egameni lomunye umuntu, umfakisicelo kufanele alethe ubufakazi besikhundla asenza ngaso isicelo, ngendlela egculisa iSikhulu Esibhekele uLwazi⁴.

Isicelo sabantu abaphila ngokukhubazeka

10.1.9. Uma uMfakisicelo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma umaenokukhubazeka okumvimbela ukuba agcwalise ifomu elinqunyiwe, angafaka isicelo ngomlomo. ISikhulu Esibhekelele uLwazi / Isekela Lesikhulu Esibhekele uLwazi liyobe seligcwalisa ifomu egameni lomfakisicelo bese linikeza umfakisicelo ikhophi yefomu eligcwalisiwe kuMfakisicelo⁵.

10.1.10. ISikhulu Esibhekelele Ulwazi/ iSekela elibhekelela uLwazi sizosiza umfakisicelo ekulandeleni izimfanelo ezibaluliwe ngaphezulu sokucela isifinyelelo olwazini/kwimniningwane, okubandakanya okubhekiswe kuMfakisicelo kwelinye Zibhodi lomphakathi, uma kuvela ukuthi isicelo esimayelana nemniningwane kumele ngabe senziwe, kwelinye bhodi elikanje⁶.

11. UKWEDLULISWA KWEZICELO

11.1. ISikhulu esibhekelela ezoLwazi (noma isikhulu) seNhlango, i-FoodBev SETA singadlulisela izicelo ezimayelana nalokhu okurekhodiwe kwelinye ibhodi lomphakathi uma:

11.1.1 Okurekhodiwe kulawulwa yilelo bhodi lomphakathi;

¹ Isigaba sama-29(2) se-PAIA.

² Isigaba sama-29(3) nese-(4) se-PAIA

³ Isigaba se-18(2)(e) se-PAIA

⁴ Isigaba se-18(2)(f) se-PAIA

⁵ Isigaba se-18(3) se-PAIA

⁶ Isigaba se-19 se-PAIA.

11.1.2 Isihloko esimayelana nalokho okuqoshiwe kuhambiselana nokusebenza kwalelo

bhodi lomphakathi

11.1.3 Okuqoshiwe kwasungulelwa lelo bhodi lomphakathi, noma kwamukelwa kuqala yilelo bhodi; noma

11.1.4 Okuqoshiwe kuqethe imniningwane emayelana nokuthengwa kwezimpahla kanye nezinsebenziso (amaseyivisi) okuyilapho ibhodi lomphakathi linentshisekelo yokuhweba.

11.2 Ezimeni ezikanje iSikhulu Esibhekelela ezoLwazi singadlulisela isicelo kwelinye ibhodi lomphakathi uma kusuke kungenzeka ngokushesha, kodwa ezinsukwini eziyi-14 emva kokuba isicelo samukeliwe. INhlangano, i-FoodBev SETA iphethe kulokhu okuqoshiwe kuceliwe futhi iSikhulu Esibhekelela uLwazi/Imniningwane se-SETA sibona kusiza ukwenza kanjalo ekusekeni iSikhulu Esibhekelela uLwazi ngesicelo selinye ibhodi lomphakathi, okuqoshiwe noma ikhophi yalokhu okuqoshiwe kuzothunyelwa kulesoSikhulu Esibhekelela ezoLwazi.

11.3 Uma isicelo sokufinyelela kulokhu okuqoshiwe sesihanjisiwe, noma isiphi iskhathi esibekiwe/esishiwo sokuqedela umsebenzi mayelana nesicelo, kumele osukwini okwatholakala ngalo, kutholwa iSikhulu Esibhekelela Imniningwane okuyilowo esabhekiswa kuye. Zonke izikhathi (ezinqunyiwe yi-PAIA) ezisebenza kwisicelo mayelana nemniningwane kumele silandelwe.

11.4 Uma isicelo sokufinyelela sesihanjisiwe, iSikhulu Esibhekelela Imniningwane / iSekela leSikhulu seMniningwane uzokwazisa uMfakisicelo:

11.4.1 Ukuhambisa;

11.4.2 Izizathu ezidala ukuhambisa; bese

11.4.3 Iskhathi lapho isicelo okumele kubhekwane naso⁷

11.5 iSikhulu Esibhekelela Imniningwane / iSekela leSikhulu Esibhekelela Imniningwane sizoqinisekisa ukuthi irekhodi iyafinyelela lapho okufakwe isicelo ilondolozekile kuze kuthathwe isinqumo esimayelana nesifinyelelo kulwazi⁸.

11.6 Izicelo nazo zingatholakala ngocingo kwa-FoodBev SETA. Izicelo ezikanje zingenziwa

⁷ Isigaba sama-20(5) se-PAIA.

⁸ Isigaba sama-21 se-PAIA.

ngqo kwiSekela leSikhulu Esibhekelela Imniningwane yokuxhumana ehlinzekiwe kulo mqingo onemithetho. Abantu ngababodwa bengafaka isicelo ngqo ngendlela esemthethweni kuya ngendlela isicelo esenziwe ngayo senziwa ngocingo.

12. IZIMALI EZINQUNYIWE NEZIGUNYAZIWE

12.1 Izimali ezinqunyiwe nezigunyaziwe ziyadingeka ngokwesigaba sama-22 se-PAIA. Izimali ezikhokwayo Zifakiwe kulo Mqingo onemithetho. Izimali zikhokhwa ekuqaleni kwesicelo futhi emva kwalokho, izimali zitholwa ngokuthi kubhekwe imigudu kanye nezindleko zokukhiqiza kabusha.

12.2 Umfakisicelo akadingi ukukhokha imali⁹ kwibhodi lomphakathi uma:

12.2.1 Engumuntu ongashadile umholo wakhe wonyaka, ngemva kokubanjwa kwemali okuvumelekile, ngokohlelo lwe-PAYE ne-UIF, ingaphansi kuka-**R14, 712.00** ngonyaka, noma

12.2.2 Eshadile futhi imali engenayo ehlangene nomlingani wakhe, emva kokwehliswa kwemali okuvunyelwe, Ngokwe-PAYE ne-UIF, ingaphansi kwama-**R27, 192.00** ngonyaka.

12.3 Abantu abacela imniningwane yangasese emayelana nabo uqobo noma izingane zabo ezincane akudingeki bakhokhe imali⁹ yokucela. Bonke abanye abantu (ngaphandle kwalabo abaxoshiwe) kufanele bakhokhe imali yesicelo njengoba kubekiwe kuMqingo, **Isixhumelo B** ngezansi.

12.4 Uma isicelo samukelwe, kudingeka enye imali yokufinyelela noma ukubheka. Le mali ibalwa ngendlela ebekiwe ngokomthethwengqubo efakiwe. Izimali zikhokhelwa isikhathi esichithwe kufunwa irekhodi nokulungiswa kanye / noma ukukhiqiza kabusha amarekhodi.

12.5 Izimali ezinqunyiwe kufanele zikhokhwe ngokoHlelo Lwezobuchwepheshe lokuthumela imali ususa kuleli bhenki uyisa kwelinye ibhenki nge-Electronic Funds Transfer njengoba imniningwane yasebhenki ehlinzekiwe ngeZansi, kusetshenziswa igama nesibongo. soMfakisicelo njengenombolo yereferensi (umuntu okhokhayo). Isikhulu Esibhekele Imniningwane / iSekela Lesikhulu Esibhekele Imniningwane sizokwazisa Umfakisicelo

⁹ Imiqingo emayelana Nesaziso sikaHulumeni R991 mhlaka-14 ulwezi 2005.

(ngaphandle kwakhe umfakisicelo uqobo lwakhe) ukuthi akhokhe imali enqunyiwe (uma ikhona) ngaphambi kokuthi kuqhutshekwe nokucubungula isicelo.

- 12.6 UMfakisicelo engafaka isicelo enkantolo ngendaba yethenda noma inkokhelo emayelana nesicelo.

IMNININGWANE YASEBHENKI YESICELO

Igama leAkhawunti: Food and Beverages Manufacturing SETA

IBhenki: First National Bank

Izinamba (amakhodi) zeGatsha leBhenki: 210554

Inombolo yeAkhawunti: 62425006758 IReferensi: iGama nesiBongo

Sicela uthumele ubufakazi benkokhelo ngeimeyili: informationofficer@foodbev.co.za

13 UKUTHATHA ISINQUMO MAYELANA NESICELO

- 13.1. Zonke izicelo zokufinyelela kumarekhodi zizobhekwa bese kuvunywa kuphinde kunqatshwe kwazo kuzohambisana nezimfuno ze-PAIA. ISikhulu Esibhekele Imniningwane kudingeka sithathe isinqumo ngesicelo ezinsukwini ezingama-30 kutholakele isicelo, uma kungenjalo isicelo siyanqatshwa.

- 13.2. Ukufinyelela kumarekhodi kungenikezwa uma uMfakisicelo kuvumelene nazozonke izimfanelo zomgudu we-PAIA mayelana nesicelo sokuthi kufinyeleleke kulokho okuqoshiwe, ukuthi:

13.2.1 Isicelo senziwe kahle kwifomu elifane nelivumelekile;

13.2.2 Ubufakazi bokuganyaza bunikeziwe uma uMfakisicelo enza isicelo ngomunye;

13.2.3 Okurekhodiwe okuceliwe kuchazwe ngokwanele ukuze iSikhulu sezoLwazi sikwazi ukulihlonza;

13.2.4 Izimali ezinqunyiwe nezigunyaziwe zikhokhiwe; bese Ukufinyelela kokuqoshiwe akunqatshiwe ngesizathu esisodwa noma ngaphezulu mayelana nokwenqaba okucacisiwe kwi-PAIA, okungena kulezi

13.2.5 zigaba ezilandelayo:

i. Ukuvikelwa kwesiBopho esiyimfihlo senhlanga yesithathu okungumuntu ojwayelekile

ii. kuvikelwa kwesiBopho kokuqoshiwe okuthile kweSigungu esibhekelela seziMali (SARS);

iii. Ukuvikeleka kwesiBopho soLwazi lwezohwebo;

iv. Ukuvikeleka kwesiBopho kwezokuphepha kwabantu ngababodwa, kanye nokuvikeleka

kwempahla;

- v. Ukuvikelwa kwesiBopho kwamadokodo amaphoyisa ezinqubo zebheyili, kanye nokuvikelwa kwengalo yomthetho bese kuba yizinqubo zomthetho;
- vi. Ukuvikelwa okuyisibopho kokurekhodiwe anikezwe ilungelo ekukhiqizweni kwezingqubo zomthetho;
- vii. Ezokuvikela, ezokuphepha kanye nobudlelwano bamazwe omhlaba;
- viii. Izintshisekelo zezomnotho kanye nenhlalakahle yezezimali yeNingizimu
